*Every child should own a hundred books by the age of five. To that end, Book Dash gathers creative professionals who volunteer to create new, African storybooks that anyone can freely translate and distribute. To find out more, and to download beautiful, print-ready books, visit bookdash.org.*

*Into enhle kunazo zonke*
Illustrated by Lauren Nel
Written by Melissa Fagan
Designed by Stefania Origgi
Translated by Nal'ibali
with the help of the Book Dash participants in Cape Town on 5 March 2016.

ISBN: 978-1-928442-04-2

This work is licensed under a Creative Commons Attribution 4.0 Licence (http://creativecommons.org/licenses/by/4.0/). You are free to share (copy and redistribute the material in any medium or format) and adapt (remix, transform, and build upon the material) this work for any purpose, even commercially. The licensor cannot revoke these freedoms as long as you follow the following license terms:

Attribution: You must give appropriate credit, provide a link to the license, and indicate if changes were made. You may do so in any reasonable manner, but not in any way that suggests the licensor endorses you or your use.
No additional restrictions: You may not apply legal terms or technological measures that legally restrict others from doing anything the license permits.
Notices: You do not have to comply with the license for elements of the material in the public domain or where your use is permitted by an applicable exception or limitation.
No warranties are given. The license may not give you all of the permissions necessary for your intended use. For example, other rights such as publicity, privacy, or moral rights may limit how you use the material.

UMuzi uyathanda ukwakha izinto. Iphupho lakhe ukwakha into enhle kunazo zonke.

Ngelinye ilanga wake wak izi
akhe umpheme.





Kodwa wawungeyona
into enhle kunazo zonke.

the-best-thing-ever_interior.indd 9 2018/04/13 10:16 AM

# Zolo lokhu wakha ibhuloho lezilwane.



Lalilihle, kodwa hhayi kunazo zonke izinto.





Namuhla uMuzi uzovakashela uGogo.

Udangele. Ngaphandle kwamathoyizi akhe, uzoyakha kanjani into enhle kunazo zonke?




Esitobhini sebhasi, uMuzi umangele. Ubona izinto ezibomvu neziluhlaza okwesibhakabhaka. Izinto ezincane nezinto ezinkulu. Izinto ezintsha nezinto ezindala.



the-best-thing-ever_interior.indd 15 2018/04/13 10:17 AM

UMuzi ufikelwa umbono omusha wokwakha into enhle kunazo zonke.

the-best-thing-ever_interior.indd 17 2018/04/13 10:17 AM



Emgwaqweni obheke kwaGogo,
uMuzi uthola izinto eziningi.
Izinto ezinde nezimfishane.
Izinto eziyindingilizi nezinto
eziyisikwele.

the-best-thing-ever_interior.indd 18 2018/04/13 10:17 AM



Ngasemfuleni, uMuzi uthola ezinye izinto ezininingi. Izinto ezintofontofo nezinto ezicijile. Izinto eziluhlaza satshani nezinto ezinsundu.

the-best-thing-ever_interior.indd 21 2018/04/13 10:17 AM

Ngenkathi uGogo ephakela izihambi ezilambile, uMuzi uyakha.



"Buka, Gogo, ngikwakhele
indlu entsha."

"Awu kodwa, Muzi," kuhleka uGogo.

"Lena yinto enhle kunazo zonke!"

the-best-thing-ever_interior.indd 27 2018/04/13 10:17 AM

"Gogo, Gogo!" kusho uMuzi.

"Umhlaba ugcwele amathoyizi. Buka nje izinto engikwazi ukuzakha."

the-best-thing-ever_interior.indd 29 2018/04/13 10:17 AM

